# INQUBO YOKUHLAZIYA UMTHELELA KWIMVELO

**UKWANDISWA OKUHLONGOZWAYO KWEZINDAWO ZOKUCHITHA UMLOTHA E-HENDRINA POWER STATION, ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA**

DEA Reference Number: 12/12/20/2175
NEAS Reference Number: DEA/EIA/0000390/2011

## UMBIKO OYISIPHAKAMISO WOMTHELELA KWIMVELO USUYATHOLAKALA UKUTHI UBONWE NGUMPHAKATHI

Ngokwemibandela yesimemezelo sikahulumeni, i-Government Notice R 543, esashicilelwa ngomhla ka 18 Juni 2010, bonke abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) lapha bayaziswa ukuthi umbiko oyisiphakamiso womthelela kwimvelo, ngokwandiswa okuhlongozwayo kwezindawo zokuchitha umlotha omanzi e-Hendrina Power Station uzotholakala ezindaweni ezilandelayo ezishiwo ngezansi (ikhophi), ukuthi ubonwe futhi kuphawulwe ngawo esikhathini sokuphawula eziyizinsuku ezingama **60**, kusukela **ngoLwesine mhlaka 21 Febhruwari 2013** kuye **ngoLwesithathu mhlaka 24 Apreli 2013** (ekupheleni kosuku lokusebenza):

| I-eriya | Indawo | Ikheli lesitaladi | Inombolo yokuxhumana |
|---|---|---|---|
| Middelburg | Gerard Sekoto Public Library | Wanderers Avenue, Middelburg | 013 249 7271 |
| Hendrina | Hendrina Public Library | c/o Church and Mouton Streets, Hendrina | 013 293 0000 |
| Pullenshope | Pullenshope Public Library | Kiaat Street, Pullenshope | 013 296 1300 |
| | Reception, Hendrina Power Station | Hendrina Power Station, Pullenshope | 013 296 3400 |

Umbiko uyatholakala futhi ku-Website yabakwaba-Lidwala Consulting Engineers ethi, (http://www.lidwala.com), i-Website yakwa-Eskom ethi (www.eskom.co.za/eia - *Hendrina power station ash disposal facilities*) futhi ingabuye yenziwe ukuthi itholakale nge-CD, ngokwenza isicelo esibhaliwe esiqondiswe kwabakwa-Lidwala.

## ISIMEMO SOMHLANGANO WOMPHAKATHI

Abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) bayamenywa ukuthi bathamele umhlangano womphakathi oyoba:

| Usuku | Isikhathi | Indawo |
|---|---|---|
| NgoLwesibini 12 Mashi 2013 | **Umhlangano uyoqala** ngo 18:00 (**Ukubhalisa** kusukela ngo 17:30) | Cynthia Murphy Hall, ekhoneni lemigwaqo i-Maculata nomgwaqo u-Oak e-Pullenshope |

Inhloso yomhlangano womphakathi wukwethula okutholakele ekuhlaziyweni kwemvelo okwenziwa ngesikhathi sokuhlaziywa komthelela, emphakathini, ukuhlinzeka abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) ngethuba lokubonisana neqembu lomsebenzi, kanye futhi nokuphakamisa noma ngabe yikuphi ukuphawula kanye/noma ukukhathazeka abangaba nako mayelana nalomsebenzi ohlongozwayo.

**Sicela niqondise imibuzo noma ukuphawula kwenu** ngokubhala, **ezazini okubuzwa kuzona zokubamba iqhaza komphakathi ekhelini elingezansi:**

**Nicolene Venter / Bongi Mhlanga**
**Lidwala SA (Pty) Ltd**

P.O. Box 32497, Waverley, 0135
Ucingo: (0861) 543 9252
Isikhahlamezi: (086) 764 9282
I-E-mail: hendrinaeia@lidwala.com

Lidwala